# Umacashelana



Le ncwadi yabhalwa okokuqala ngeXitsonga nguMunene Joyce Baadjie

Umfanekisi nguJoseph Somwe     Umhlobisi nguJess Jardim-Wedepohl


Yahumushwa isuselwa kwiXtsonga nguMbongeni Nzimande

WORLD BANK GROUP

Room to Read®

SHARP SHOOT
PRINT, PUBLISH & STATIONERY

ZA_ABP_18_0012_HideAndSeek_Inside.indd 1     6/20/23 14:05



UYaya wayenabangane ababili.
UKati noGundane.
Babethanda ukudlala ndawonye.

ZA_ABP_18_0012_HideAndSeek_Inside.indd 3 6/20/23 14:05



Umdlalo owawuthandwa kakhulu uGundane kwakungumacashelana ngoba ephumelela njalo.

“5, 4, 3, 2, 1,” kusho uGundane. “Ngize noma ngingezi? Sengiyeza-ke!”

ZA_ABP_18_0012_HideAndSeek_Inside.indd 4 6/20/23 14:05

UGundane wamthola uKati.
UYaya wamgona uGundane,
embongela.






ZA_ABP_18_0012_HideAndSeek_Inside.indd 6 6/20/23 14:05

“5, 4, 3, 2, 1,” kusho uKati.
“Ngize noma ngingezi? Sengiyeza-ke!”





UKati akamtholanga uGundane.
UYaya wamemeza, “Sesiphelile isikhathi!”
UYaya waphinda wambongela uGundane ngokumgona.

ZA_ABP_18_0012_HideAndSeek_Inside.indd 9 6/20/23 14:05

Kwaba yithuba likaKati lokuyocasha.
“5, 4, 3, 2, 1,” kusho uGundane.
“Ngize noma ngingezi? Sengiyeza-ke!”


UGundane wamthola futhi uKati.

Bathi ukuphumula, besadla.
UKati esahlafuna nje, wafikelwa
elinye iqhinga!



ZA_ABP_18_0012_HideAndSeek_Inside.indd 12 6/20/23 14:05

UKati wakha ibhokisi. Wayeseya esitolo eyothenga i-glue yokunamathisela, nesibuko esikhulu.



ZA_ABP_18_0012_HideAndSeek_Inside.indd 14 6/20/23 14:05

Ngakusasa, uGundane wafuna
futhi ukudlala umacashelana noKati.


“5, 4, 3, 2, 1,” kusho uGundane.
“Ngize noma ngingezi? Sengiyeza-ke!”



Kanti izinyawo zikaGundane sezibhajwe emthini wokunamathisela, i-glue. Kwangahambeka kuGundane. Wehluleka-ke ukuthola uKati. Wathi uGundane uyalunguza ebhokisini, wazibona yena nje kuphela.




Waqhamuka esememeza uYaya. "Isikhathi sesiphelile!"



ZA_ABP_18_0012_HideAndSeek_Inside.indd 20 6/20/23 14:05

Thushu, uKati ephuma ebhokisini. “Ha! Iqhinga elihlakaniphe kangaka!” sekumemeza uGundane ehalalisa.

“Halala! Kati! Ungihlakaniphele kodwa!”



ZA_ABP_18_0012_HideAndSeek_Inside.indd 22 6/20/23 14:05

**Room to Read South Africa**
1209 Francis Baard Street, The Gables, 1 Floor, Hatfield, Pretoria 0028, South Africa
www.roomtoread.org

*Ngonyaka ka 2018 inhlangano yaka REACH yalekelela inhlangano yaka Room to Read kanye nabashicileli baseMzansi ukusungula babhale izincwadi ezingu 20 ngezilimi zaseNingizimu Afrika. Enye nje yalezo zincwadi yiyo le oyiphethe! Lezi zincwadi zaqalwa zabhalwa ngeSipedi, isiSwati, isiTsonga, isiVenda kanye nesiZulu. Zonke lezi zincwadi zitholakala ngazo zonke lezi zilimi kuhlanganisa nesiNgisi. Ukuthola eminye imininingwane, vakashela ku onedayonebook.org*

*Umacashelana*
Hide and Seek
Ihunyushwe nguMbongeni Nzimande

Room to Read GSD ID: ZA-ABP-18-0010
ISBN: 978-1-928441-97-7

Ishicilelwe okokuqala iSharp Shoot.
Le ncwadi yabhalwa okokuqala ngeXitsonga ngu Munene Joyce Baadjie.
Umfanekisi nguJoseph Somwe
Umhlobisi nguJess Jardim-Wedepohl
Umhleli nguAnna Stroud
ngosizo lwabakwa-One Day One Book, eGoli, mhla ka-2 Juni 2018.

Uma ufisa ukuthenga izincwadi eziningi, sicela uxhumane nomshicileli ngqo.
Sharp Shoot
Shop 3 A, 4 Devenish St, Polokwane, 0699, South Africa
015 297 8416

Lonke lolu hlelo lwaxhaswa ngezimali siyikhwama senhlangano ebhekela imiPhumela yeMfundo eziNganeni eBhange loMhlaba neNhlangano yoMhlaba yeziNcwadi ilekelelwa uMnyango weMfundo eyisiSekelo.

cc BY

Wonke amalungelo ale ncwadi agodlwe ngabasunguli bazo zonke izingxenye zale ncwadi. Bakhethe ilayisensi yohlobo loHlelo lokuSabalalisa iNcwadi Mahhala, okusho ukuthi incwadi isiyonke ilawulwa yile layisensi. Ngakho, noma ngubani ukhululekile ukufunda, ahumushe, agaye futhi asabalalise le ncwadi. Uma ukhetha ukusebenzisa noma iyiphi ingxenye yale ncwadi, kumele uqhakambise abasunguli bayo.